bookdash.org

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative volunteers to create new African storybooks that anyone can freely print, translate and distribute. Then we work with partners to give those books to preschool children to own.

To find out more, and to download beautiful, open-licensed, print-ready books, visit bookdash.org.

*Masihambe siyozingela udoti*
*(Let's go on a litter hunt)*
Illustrated by Lyn Leventhorpe
Written by Sue Adams
Designed by Nadene Reignier
Translated  by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 14 October 2023.

ISBN: 978-1-77632-558-0

Typeset in Quicksand, Andika

**This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/).**

You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use. No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

# Masihambe siyozingela udoti

Lyn Leventhorpe • Sue Adams • Nadene Reignier



Ubaba uthi, "Leli gceke LINGCOLILE. Umoya uphephule udoti wawuletha ngaphakathi."

Umama uthi, "Masihambe siyozingela udoti. Qala ubheke amathini."

Ubaba uthi, "Gqoka lawa magilavu."



Siyozingela amathini.
Sibheka phansi phezulu.
Sibheka ngaphansi kwezihlahla
kanye naseduze kocingo.





Sithole amathini abomvu kanye namathini aluhlaza okotshani, amathini agqwalile kanye namathini acwebezelayo, amathini ahlanzekile kanye namathini angcolile.








Yini okumele siyenze ngawo wonke la mathini?



Usungabheka upulasitiki manje.

Thola umgqomo futhi uwafake phakathi!



Sizingela upulasitiki.
Sibheka phansi naphezulu.
Sibheka ngemuva
kwehhoko lezinkukhu
kanye naphambi kwendlu.



Sithole amabhodlela obisi kanye
nezivalo zamabhodlela,
izikhwama zokuthenga kanye nezinti
zokumunca, kanye namabhakede aphukile.







Yini okufanele siyenze
ngawo wonke lo pulasitiki?



Thola umgqomo
uwufake phakathi!

Usungabheka
iphepha
manje.




Sizingela amaphepha.
Sibheka phansi naphezulu.
Sibheka eduze komgqomo wamanzi
kanye naphezu kwebhentshi.



Sithole amaphepha amanzi kanye namaphepha omile, amabhokisi ekhadibhodi kanye nephephandaba, amapuleti amadala amaphepha kanye namaphepha okufinya angcolile.







Yini okufanele siyenze ngawo
wonke la maphepha?



Yini enye
ongayibheka?
Hmm ...

Thola umgqomo bese
uwafaka phakathi!



**Akusekho ukungcola!**





Nifanelwe okumnandi!
Futhi nikhumbule ukuthi ...
yini okufanele niyenze
ngodoti wenu?

Sithola umgqomo siwufake phakathi!



